**NguMongameli**
**uHenry B. Eyring**
UMeluleki wokuQala
kubuMongameli BokuQala



# IsiPhrofetho kanye neSambulo esiBhekene Nawe

Inkonzo kaJesu Krestu yabaNgcwele bezinsuku zokugcina yeqiniso ibuyisiwe ngokuphelele namhlanje emhlabeni. Ibandla likaJesu Krestu labaNgcwele Bezinsuku Zokugcina lihlezi liholwa abaprofethi abaphilayo kanye nabaphostoli abaphilayo, abathola njalo ukuholwa kwasezulwini.

Lephethini yasezulwini yeqiniso yayikhona ngisho nasemandulo. Sifunda kwiBhayibheli: "Ngempela akukho iNkosi uNkulunkulu engakwenza, ngaphandle kokwembula izimfihlo zayo kwizinceku zayo abaprofethi" (Amosi 3:7).

UNkulunkulu ukhulumile futhi esikhathini sethu, ngosizo loMphrofethi uJoseph Smith. Wembula ngosizo loMphrofethi uJoseph ivangeli likaJesu Krestu ngokupheleleyo. Wabuyisa ubupristi Bakhe obungcwele kanye nezikhiye kanye nawo wonke amalungelo, amandla, kanye nemisebenzi engcwele yobupristi.

Esikhathini sethu, abaprofethi abaphilayo kanye nabapostoli bagunyaziwe ukukhuluma,ukufundisa, kanye nokuhola ngegunya elivela kuNkulunkulu uBaba kanye neNkosi uJesu Krestu. UMsindisi uthe kuMphrofethi ofethi,"Lokhu mina iNkosi engikukhulumile, ngikukhulumile, futhi angixolisi ngengikushilo; futhi noma amazulu nomhlaba kungadlula, izwi lami aliyukudlula, kodwa lonke liyogcwaliseka, noma ngelami izwi noma ngezwi lezinceku zami, kuyafana" (iMf neziVum1:38).

Ngekomfa kawonke wonke kabili ngonyaka, sibusiseka ngethuba lokuzwa izwi leNkosi eliza kithi ngezinceku Zayo. Lelo yilungelo elingenalo inani. Kodwa ukubaluleka kwalelo thuba kuncike ekutheni siyawamukela yini amazwi ngaphansi komthelela woMoya ofanayo nalowo onikezwe lezo zinceku (bheka iMf neziVum 50:19-22). Njengoba bethola inkokhelo ephuma ezulwini, nathi kanjalo. Lokho kudinga ukuba sibe nogqozi olufanayo ngokomoya

### "Yenza umsebenzi wakho wasekhaya"

Eminyakeni eyadlula ilunga loMgwamanda wabaPostoli abayiShumi Nambili wangicela ukuthi ngifunde inkulumo ayeyilungiselela inkomfa yajikelele. Bengiyilunga elincane lomgwamanda. Ngazizwa ngihloniphekile ngokungethemba kwakhe ukuba ngingamsiza ukuthi athole amazwi iNkosi efuna awakhulume. Wathi kimi ngokumamatheka, "Hhayi, lolu uhlaka lama-22 alenkulumo."

Ngakhumbula iseluleko esinothando kanye nokulunga sikaMongameli Harold B. Lee (1899-1973) anginika sona egcizelela: "Hal, uma ufuna ukuthola isambulo, yenza umsebenzi wakho wasekhaya."

Ngafunda, ngajula, futhi ngathandazela ngaphezulu kwalolu hlaka lama-22. Ngafundisisa ngakho konke enginako ngaphansi kwenkokhelo yoMoya oyiNgcwele. Ngales'khathi lelunga lomgwamanda linikeza lenkulumo, ngangiwenzile umsebenzi wami wasekhaya. Anginaso isiqiniseko sokuthi ngasiza, kodwa ngiyazi ukuthi ngaguquka mhla ngizwa enikeza leyonkulumo. Imilayezo yeza ngaphezulu kwalawo magama engawafunda nalawo awakhuluma. Amazwi ayenencazelo enkulu kuna le

engangiyifundile kuhlaka. Futhi lomlayezo kwakubukeka sengathi wawuqondiswe kimi, uqondane nezidingo zami.

Izinceku zikaNkulunkulu zizila ukudla futhi zithandaze ukuthola umlayezo Azinika wona ukuthi banike labo abadinga isambulo kanye nokugqugquzelwa. Engakufunda ngokwenzeka, kanye nakokunye okwenzeka okufanayo, ukuthi ukuthola inzuzo enkulu eza ngokulalela abaprofethi nabapostoli abaphilayo, kufanele sikhokhe inani thina lokuthola isambulo.

INkosi ithanda wonke umuntu olalela umlayezo Wayo, futhi Iyazazi izinhliziyo kanye nezimo zethu ngamunye. IYazi ukuthi yibuphi ubulungiswa, yikuphi ukugqugquzelwa, kanye neqiniso levangeli elizolungela ukusiza wonke umuntu ukuthi akhethe indlela eya kwimpilo yaphakade.

Thina esilalela futhi sibukele imilayezo yenkomfa yajikelele ngesinye isikhathi sizibuza ukuthi "Yikuphi engikukhumbula kangcono?" Ithemba leNkosi ukuthi sizophendula omunye nomunye sithi: "Ngeke ngikhohlwe ngesikhathi ngizwa izwi likaMoya engqondweni nasenhliziyweni yami lingitshela ukuthi ngingenza njani ukujabulisa uBaba waseZulwini kanye noMsindisi."

Singathola leso sambulo esibhekene nathi uma silalela abaprofethi kanye nabapostoli kanye noma sisebenza sikholwa ukuthi sizosithola, njengoba washo uMongameli Lee ukuthi sizosithola. Ngiyazi ukuthi kuyiqiniso ngokwenzeka kimi futhi nangobufakazi bukaMoya.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Cabangisisa ukufunda ngezwi elikhulu ingxoxo kaMongameli Eyring ngokufunda uhlaka lwenkululo lwelunga lomgwamanda wakhe. Ungazibuza, "Yiliphi inani lokuthola isambulo?" Emva kwengxoxo, ungamema labo obavakashelayo ukuthi bacabange futhi benze icebo lokuthola imilayezo yenkomfa yajikelele ezayo "ngaphansi komthelela woMoya ofana nalo inkulumo inikezwe ngawo izinceku [zikaNkulunkulu]."

## INTSHA

### UBaba oseZulwini uKhulume nami Ngenkulumo Yenkomfa

ngu-Anne Laleska Alves de Souza

Nganginokungabaza ngokuthi ngifundeni e-unyuvesi. Abantu babekhuluma kabi ngalomkhakha engangifuna ukuwuthatha, ngakho ke ngathandaza eNkosini ukubona ukuthi Iyavumelana yini nalesi sinqumo.

Impendulo yami yeza ngelanga elilandelayo uma ngifunda inkulumo yenkomfa yajikelele kwi *Liyahona*. Ngazizwa sengathi uBaba oseZulwini Wayengitshela ukuthi ngeke angikhethele - lesi kwakuyisinqumo okwakufanele ngisenze ngedwa. Ngangazi ukuthi nomangabe ngikhethani, ngangizofanele ngisebenze kanzima ukuze ngiphumelele.

Ngiyazi ukuthi umthandazo wami wawuphenduliwe. Ubufakazi boMoya oyiNgcwele wangisiza ngazi ukwenza isinqumo. Sengifunde ukunikela ngokuhle kakhulu futhi ngazi ukuthi uBaba oseZulwini uzongisiza.

*Umbhali uhlala eSergipe, eBrazil.*

## IZINGANE

### Landela uMprofethi

Abaprofethi kanye nabapostoli bakhulumela uBaba oseZulwini kanye noJesu Krestu. BasIfundisa ukulandela uJesu. Eziphi izinto abaprofethi kanye nabapostoli abasicele ukuba sizenze?

© 2016 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agodliwe. Igaywe eMelika. Isingisi esivunyiwe:: 6/15. Ukuhumushwa okuvunyiwe:: 6/15.
Ukuhumushwa *First Presidency Message, April 2016*. Zulu. 12864 783

# Amadodakazi kaBaba waPhakade

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda "uMndeni: IsiMemezelo soMhlaba" kungalunyusa kanjani ukholo kuNkulunkulu futhi kubabusise kanjani labo obabhekile ngokubavakashela na? Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku **www.reliefsociety.lds.org**.*

Imibhalo isifundisa ukuthi "singabantwana bakaNkulunkulu" (Izenzo 17:29). UNkulunkulu wakhuluma ngo-Emma Smith, unkosikazi womphrofethi uJoseph Smith, njenge "ndodakazi yami" (D&C 25:1). Isimemezelo somndeni sisifundisa ukuthi thina "singamadodakazi anabazali basezulwini."[1]

" [Kwimpilo yomoya yangaphambili] leyondawo, safunda ngesiqu saphakade sesifazane," kwasho uCarole M. Stephens, isekela lokuqala kubumongameli beNhlangano Yenkululeko Yomama yajikelele.

"Indlela yethu yasemhlabeni ayilishintshanga leloqiniso."[2]

"UBaba wakho oseZulwini wazi igama lakho kanye nesimo sakho," kwasho iGosa uJeffrey R. Holland womgwamanda wabapostoli abayiShumi naMbili. "Uyayizwa imithandazo yakho. Uyawazi amathemba akho kanye namaphupho, futhi kanye nokwesaba nokuxakeka onako."[3]

"Sonke ngabanye singabomndeni kaNkulunkulu futhi siyadingeka kuwo," kusho uDadewethu uStephens. "Yonke imindeni yasemhlabeni ayifani. Noma ngabe senza konke ukuba nemindeni yendabuko enamandla, amalungu kumndeni kaNkulunkulu awadingi ukuthi abe sesimweni esithize ngabe- isimo sokushada, isimo sokuba ngumzali, isimo semali, isimo sodumo, noma isimo esisibeka endaweni yokusatshalaliswa kolwazi."[4]

### Eminye imiBhalo eNgcwele

uJeremiya 1:5; AbeseRoma 8:16; Imfundiso neziVumelwano 76:23-24

### Okuvela Emlandweni Wethu

Kwindaba yakhe ngoMbono Wokuqala,[5] uMprofethi uJoseph Smith ecacisa amaqiniso amaningi -ikakhulukazi ukuthi uBaba waseZulwini uyalazi igama lakho.

uJoseph esemncane wayexakekile efuna ukwazi ukuthi yiliphi isonto ekufanele abe yilunga lalo futhi wathola inkokhelo uma efunda kuJames 1:5. UJoseph wagcina ebona ukuthi kufanele abuze uNkulunkulu.

Ngelinye ilanga ekuseni ngentwasahlobo ngo1820, wahamba waya ehlathini eyothandaza kodwa wabanjwa amandla obumnyama. Ngalesi sigameko wabhala wathi:

"Nje kulowo mzuzu wokuthuka okukhulu, Ngabona ukukhanya ngaphezu kwekhanda lami, ngaphezulu kokukhanya kwelanga, okwehlela kancane kwaze kwawela phezu kwami.

"Kwavela masishane ngaphambi kokuba ngizithole ngisesitheni sami esangibamba ngangakwazi ukunyakaza. Kwathi ukukhanya sekwehlile phezu kwami ngabona aBantu ababili ababenesithunzi, ukukhanya nenkazimulo yabo okwakungachazeki, bemi ngaphezu kwami emoyeni. Oyedwa wabo wakhuluma nami, engibiza ngegama wase ethi, ekhomba komunye—*Lena yiNdodana Yami Ethandekayo. Lalela Yona!*" (Joseph Smith-UMlando 1:16-17).

**AMANOTHI**

1. "Umndeni: IsiMemezelo kuMhlaba Wonke," *Liahona,* Nov. 2010, 129.
2. UCarol M. Stephens, "UMndeni owaNkulunkulu," *Liyahona,* Meyi 2015, 11.
3. uJeffrey R. Holland, "kwiNtsha Yabesifazane" *Liyahona,* Novemba 2005, 28.
4. UCarol M. Stephens, "UMndeni owaNkulunkulu," *Liyahona,* Meyi 2015, 11.
5. Bona izihloko zevangeli, "Izehlakalo Zombono Wokuqala," topics.lds.org.

### Cabanga Ngalokhu

Kuba nomthelela onjani ezinqumeni zakho ukwazi ukuthi uyindodakazi kaNkulunkulu?

© 2016 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agodliwe. Igaywe eMelika. Isingisi esivunyiwe:: 6/15. Ukuhumushwa okuvunyiwe:: 6/15.
Ukuhumusha ko *Visiting Teaching Message, April 2016*. Zulu. 12864 783